/Ivaliwe ize ikhulunywe/

**UMHLANGANO WENTSHA YASEMZUMBE**

Inkulumo ngu

Ms Seeng Patricia Ntanzi
Iphini lika Sihlalo kaZwelonke ku IFP

EMZUMBE 25 NOVEMBA 2005

Mphathiwohlelo, abaholi emikhakheni yempilo eyahlukahlukene, bafowethu nodadewethu, ngiyanibingelela.

Ngithokoza kakhulu ukuba ningimeme ukuzoba nani kulomhlangano omuhle kangaka wokubonisana ngengomuso lezwe lakithi. Thina njengentsha sinomthwalo wokunikeza abazali bethu isiqiniseko sokuthi lelizwe osekwadlula iminyaka eminingi lingaphansi kwenqubo yobandlululo lohulumeni abamhlophe, liyokuba nenqubekelaphambili kulenkululeko abasizuzela yona.

Yithina basha abamelwe wukunikeza isiqiniseko emhlabeni wonke ukuthi nase Afrika umbuso noma uhulumeni wentando yeningi (multi-party democracy) uyasebenza ngempumelelo. Lokho-ke kungiletha emazwini ayisiqubulo seQembu engiyilungu lalo, okuyiQembu le IFP. Isiqubulo (slogan) sithi “Democracy means Freedom to Choose”. Njengoba silapha nje kukhona emiqondweni yethu ukuthi uma kuza ukhetho, uba mningi umsindo nezinkulumo eziye zivele lapho lelo nalelo Qembu lezombusazwe lifuna ukwesekwa ngamavoti.

Alikho-ke icala kulokho. Manje-ke, umbuzo oye ufikele lowo nalowo ovotayo uthi “Konje iQembu elithile yini elingcono ngayo kunelinye?” Kwesinye isikhathi kuye kugcine sekuzwakala ngendlela efanayo lapho abaholi benza izethembiso ngabayokwenzela abantu nezwe lakithi uma sibakhethile.

Mhlawumbe ukuze kuzwakale kahle lokhu, kungasiza ukubuka kancane emuva sibone ukuthi akukho lutho yini umlando ongasisiza ngakho ukuba siqonde kahle lesi sikhathi esiphila kuso kwezombusazwe. Indida iye idalwe wukuthi imfundisoze (propaganda) njengoba siyibona mihla yonke, ebuye futhi iqhutshezelwe phambili ngabezamaphephandaba, iyakuhlanekezela kumbe ikushaye indiva okuyimpumelelo yamaQembu angezona izintandokazi kubo.

Hleze kube khona abangasakhumbuli ukuthi izwe lakithi lingakakhululeki kwezombusazwe, kwaba yiQembu le IFP elathi ikhambi lezinkinga zalelizwe kwezombusazwe liyotholakala ngokuthi kuhlalwe phansi kuboniswane. Sekungumlando-ke ukuthi nebala yagcina ihlanganile i-CODESA ngo 1993 eKempton Park. Wakhiwa-ke Umthethosisekelo Wase Ningizimu Afrika owaze waphothulwa ngo 1996.

Mhlawumbe abanye abakhumbuli ukuthi ohulumeni bezifundazwe esibabonayo namuhla bakhona ngoba kwaba yi IFP eyathi uhlelo olungaba ngcono lukahulumeni ngolwe Federalism. Lama Provincial Governments and Legislatures eniwabonayo asukela kulowo mbono.

Njengoba kwenzeka namuhla phakathi kwezakhamizi ezingabelungu, uma ungase ubuze ukuthi ngubani owayesekela ubandlululo, lowo nalowo angakutshela ukuthi kwakungesiyena. Umbuzo uthi pho ngobani kanti ababebuyisela esikhundleni uhlumeni weqembu lama Nationalist ukhetho nokhetho, kwaze kwaphela iminyaka ecishe ifike amashumini amahlanu? Ngokunjalo-ke nasembuzweni othi isiqubulo esithi “Freedom now, education later” ngesikabani, ngeke besavela manje abanikazi baso. Ngaleso sikhathi-ke iQembu le-IFP lona labe lithi “Education for liberation”.

Ngineqiniso lokuthi baningi lapha phakathi kwenu asebake bezwa kukhulunywa ngegama elithi UBUNTU. Njengamanje sekugqame kakhulu elithi MORAL REGENERATION. Lamagama ahlobene ngoba aphathelene nakho konke okufanelekile enhlalweni yemihla ngemihla. Kuqala izwe lakithi lingakayitholi inkululeko i-Qembu leNkatha lalisolwa ngokuthi uhulumeni waKwaZulu owawuphethwe yilo wawukwenzelani ukuthi kube nesifundo okuthiwa UBUNTU ezikoleni zakhe. Kwakuze kuthiwe lokho kwabe kuyimfundisoze yokuchumisa ukubandlulula ngokobuzwe (tribalism). Kodwa namuhla sesiyezwa kukhulunywa nge African Renaissance nabo UBUNTU.

Sithini ngezethembiso ezenziwayo uma kuzoba nokhetho, luthi lungedlula bese konke kuphela kanjalo? Iqembu le-IFP lona likholelwa kakhulu ekuqhubeni umbusazwe walokho okungase kwenzeke, hhayi ukwethembisa abantu izulu nomhlaba. Phela lokho kuyenezela futhi kuqinise izinkulumo esezaba khona ezithi ngeke

wethembela kumuntu ongusombusazwe. Konje-ke uma sekukhona umthetho wokugcogcoma okuthiwa yi Floor-crossing, singabasola ngani abavoti abacabanga kanjalo? Njengoba nazi-ke ukuthi i-IFP yona iyaphikisana nalomthetho, lokho ikwenza ngesizathu senqubo yayo yokuhlonipha umbuso wentando yeningi (principle) hhayi ngokulahlekelwa yizihlalo zasePhalamende.

Mhlawumbe akudingekile ukuba umuntu alande wonke umlando ngokuthi kusukwaphi nomzabalazo. Enginganikhuthaza ngakho nje ukuthi inkulumo-mpikiswano kwezombusazwe yinto enhle. Yingakho-nje mina ngimhlonipha umuntu obuzayo ukuthi konje uyini umehluko phakathi kweQembu elithile lezombusazwe nelinye. Ebhayibhelini kukhona lapho kuthi khona niyokubazi ngemisebenzi yabo (Matt. 7 v 20).

Ngakho-ke kungumsebenzi wethu ukuthi sisigweme lesi sifo esibizwa ngokuthi Voter Apathy. Lokho akwehlukene nokuzephuca ilungelo abantu abampisholo okudala babelifuna. Ngiyazi ukuthi lento yomthetho wokugcogcoma iyadala ukuba umuntu azibuze ukuthi kusiza ngani ukuba umuntu azikhathaze ngokuyovotela iQembu elithile uma kuzothi emuva kwezinyanga eziyishumi nambili amalungu eniwakhethile ahambe nezehlalo engasabonisanga nani enawakhethayo. Konke kunesiqalo, ngakho abantu bayoze babone ukuthi akufanele lokhu yize kubhaliwe emthethweni. Nobandlululo lwalubhaliwe phansi njengenqubo esemthethweni. Luphi nje manje? Kwezomnotho khona sithini? Lama Co-operatives osekukhulunywa ngawo kangaka kulezi zinsuku kwakuyinto iQembu leNkatha okudala

lathi mayenziwe ngoba iyahambelana nenkolelo yokuzethemba nokuzisiza (self reliance and self help). Laze lathumela amalungu alo ambalwa ukuba ayofundela ukusungulwa nokuphathwa kwama cooperatives lena kwelase Canada. Ngaleso sikhathi bakhona ababehleka usulu bethi izwe ngeke walikhulula ngamaklabishi (cabbages). Phela babenziwa wukungaqondi ukuthi lapho kuphela khona umzabalazo wemalungelo kwezombusazwe, yilapho kuqala khona umzabalazo onzima wokulwa nobubha, nokweswela nokungazi.

Lungakafiki ukhetho luka 1994 kwakukhona ababethembisa ukuthi uma bekhethiwe yonke into (means of production) iyoba ngekahulumeni. Baphi namhlanje labo ababesho lokho? Ngakho-ke kuyasiza ukuba nomqondo ovulekile nolungele ukuzwa izinhlangothi zombili zenkulumo-mpikiswano. Bathi ngolimi lwesi Latin ***audi alteram partem.*** Lokho kuyasiza ukuthi ufinyelele esinqumeni esiyiso, yize kambe kwenzeka ukuthi amavoti atholakale ngenkohliso nangezethembiso ezingezukufezwa muntu. Okuhle ukuthi iqiniso alipheli kepha amanga ayaphelelwa yisikhathi.

Ngiyethemba ngelinye ilanga liyophinde livele ithuba elinjengaleli lokuba kesizihluphe ngokuthi yikuphi okufanele sikusukumele sikwenze endimeni yezombusazwe ngoba uma kungenzi thina akekho oyosenzela khona. Lena akusiyo inkulumo yobuchwepheshe kepha kungukubonisana ngezinto ezimbalwa ezingamaqiniso asobala, nokuthi uma singabuzi lutho ngazo, izwe lingafa sibhekile.

Sengethembele kubafowethu nodadewethu kanye nalabo abadala kunathi ukuthi babeke nabo ukuze sisizakale.  Phela kuthiwa indlela ibuzwa kwabaphambili.

Ngiyathokoza.

---------------